yini ukubalwa kwe-CD4?

Hlola impilo yakho ngokubala i-CD4

Uma une-HIV, kufanele ubalwe i-CD4 njalo.
Incwajana iyachaza ukuthi kwenziwelani.

TAC
TREATMENT ACTION CAMPAIGN

treat
200 000
by 2006

zulu

"Imizimba yethu inendlela yokuvikela umzimba elwa nezifo. Amaseli e-CD4 ayingxenye yendlela yokuvikela umzimba. Ngaphandle kwawo, umzimba wakho angeke ukwazi ukulwa nezifo ngendlela efanele. I-HIV ihlasela amaseli e-CD4. Yingakho nje abantu abane-hiv kufanele njalo bakale ukuthi banamaseli e-CD4 amangaki. Lokhu kwenziwa ngokubalwa kwe CD4. Ngokukala amaseli e-CD4, ungakwazi ukuqapha impilo yakho."

Amazwi kaThabisile acashuniwe

IMITHI YOKUDAMBISA IGCIWANE LESANDULELA NGCULAZI ISIZA UKUGCINA IZIBALO ZE-CD4 ZISEZINGENI ELIJWAYELEKILE.

Kwenziwa kanjani ukubalwa kwe-CD4?

- I-CD4 yakho ingabalwa emitholampilo eminingi yomphakathi yezempilo.
- Unesi noma udokotela uzothatha igazi lakho.
- Igazi lizothunyelwa elebhu.
- Imiphumela uzoyithola emva kwezinsukwana.
- Unesi noma udokotela kufanele akutshele ukuthi isibalo se-CD4 yakho sithini. Inombolo abakunikeze yona inani lamaseli e-CD4 onawo econsini legazi ngalinye.

IMIPHUMELA YOKUHLOLWA	
Usuku isampula elithathwe ngalo	20 Okth 2005
Usuku isampula elamukelwe ngalo	22 Okth 2005
Usuku isampula elibikwe ngalo	23 Okth 2005

INCAZELO	UMPHUMELA	INDLELA YOKUKHOMBA
CD4 + ama-Lymphocytes	amaseli angu-328 /mL	500-2010

Lesi isibalo samaseli e-CD4 onawo iconsi legazi ngalinye. Lo muntu unamaseli e-CD4 angu-328 ngeconsi legazi ngalinye.

Lokhu kukutshela ukuthi isibalo se-CD4 enempilo singaphezu kuka-500.

- Uma isibalo sakho se-CD4 singaphezu kuka-500, kusho ukuthi izivikeli mzimba zakho zisaphilile .
- Uma isibalo se-CD4 singaphansi kuka-350, xoxa nodokotela wakho noma nonesi ngokuthi usebenzise izidambisi gciwane.
- Uma isibalo se-CD4 yakho singaphansi kuka-200, kufanele ukube sewuyazisebenzisa izidambisi gciwane.

UMA ABANTU BETHOLA I-HIV, IZIBALO ZABO ZE-CD4 ZEHLA NGO-50 NOMA NGO-100 UNYAKA NONYAKA. KODWA KWEHLUKA NGOMUNTU NOMUNTU.

QAPHELANI ABANTU ABATHENGISA 'IMITHI YOKUBHUSTA IZIVIKELI MZIMBA' NGOKUMEMEZELA IZINTO EZINGESILO IQINISO EZIKHUTHAZWA NGABANTU ABAFUNA UKWENZA IMALI NGEMITHI ENGAHLOLIWE.

Amazwi kaVuyani acashuniwe

"Ngonyaka ka-2001 kwatholakala ukuthi ngine-HIV, ngonyaka ka-2003 ngagula. Isibalo se-CD4 yami kwakuwu-193. Udokotela wami waphakamisa ukuthi ngiqale ukwelashwa ngezidambisi gciwane. Namhlanje ngiyaphila kakhulu kanti nesibalo se-CD4 yami sesikhuphuke safika ku-410."

KUBANTU ABANINGI ABANENGCULAZI, UKWELASHWA NGEZIDAMBISI GCIWANE KWENZA NGCONO IZIMPILO ZABO KANYE NESIBALO SE-CD4.

Yenza isu lempilo. Hlolwa. Qapha isibalo sakho se-CD4. Futhi uthole ukwelashwa ngesikhathi esifanele.

Umtholampilo oseduze ongathola kuwo ukubalwa i-CD4 kanye nokwelashwa yilona:

Uhulumeni uhlose ukwelapha abantu abangu-200 000 abane-HIV ngoMashi 2006. Ungasiza uhulumeni ukuthi ayifeze le nhloso ngokuthi uhlolelwe i-HIV futhi ukhuthaze

TAC
TREATMENT ACTION CAMPAIGN

zulu

SEBENZISA IKHONDOMU NJALO LAPHO UYA OCANSINI.